



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2021

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 100

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1****QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO (Izimpendulo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyhlelela amalungiselelo Ukuqonda inhoso, izethameli kanye nesimo	28–30 -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	22–24 -Impendulo yakheke kahle impela -Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	16–18 -Impendulo eyenelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	10–12 -Impendulo ikhombisa ukungahlangan -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	4–6 -Impendulo enhlanhathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali kunokuphindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
	25–27 -Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipa -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	19–21 -Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	13–15 -Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhombisa ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	7–9 -Impendulo engashayi emhlolweni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	0–3 -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene
AMAMAKI ANGAMA-30	Ingxenye engenhu				
	Ingxenye engezansi				

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA	Ingxenye engenhlá	14–15	11–12	8–9	5–6	0–3
Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhoso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi		<ul style="list-style-type: none"> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ulimi luhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuheha kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba 	<ul style="list-style-type: none"> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kuhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu 	<ul style="list-style-type: none"> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusethenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukhethwe 	<ul style="list-style-type: none"> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusethenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukhethwe 	<ul style="list-style-type: none"> -Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
AMAMAKI AYI-15	Ingxenye engezansi	13	10	7	4	
		<ul style="list-style-type: none"> -Ulimi luhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba 	<ul style="list-style-type: none"> -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle 	<ul style="list-style-type: none"> -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo 	<ul style="list-style-type: none"> -Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo 	
ISAKHIWO		5	4	3	2	0–1
Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho		<ul style="list-style-type: none"> -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu 	<ul style="list-style-type: none"> -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile 	<ul style="list-style-type: none"> -Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo 	<ul style="list-style-type: none"> -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha 	<ul style="list-style-type: none"> -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo
AMAMAKI AYISI-5						

Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

AP – i-aphostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi mqondo.

ISIV. – isivumelwano esingahambisani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

NQ – nqamula amagama ngendlela efanelekile ekugcineni komugqa.

□ – ukuhlanganisa amagama

/ – hlukanisa amagama

✓ - ulimi oluhle

PND- ukuphindaphinda amagama.

AMAKHODI AMAMAKI

Q = 30

L = 15

SK = 0550**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obukhombisa ukuthi indaba iyethulwa/iyangeniswa.
- Umzimba:
 - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
 - (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomushongqangi bese siba nemisho esekelayo. Isigaba masibe nomqondo ophelele.
 - (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
 - (i) Siyisigaba esisodwa.
 - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
 - (iii) Selungavela uvo lombali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa/ukuncoma.

UMBUZO 1**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

- 1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isisho. Isb. Wasiza umuntu owagcina eseyisitha sakhe. Wayelamula kuliwa kodwa kwagcina sekulimala/ sekuboshwa yena, njl. [50]
- 1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda ingqikithi yesihloko. Angachaza izigameko eziyingozi abantu abazithola sebekuzo ngenxa yokuphila impilo ewubukhazikhazi bebe bengayisebenzelanga. Isb. (Ukuzibandakanya nezenzo ezahlukene zobugebengu, ukuzifaka ebudlelwaneni ngenhlosu yokuthola imali esheshayo, njl.) [50]
- 1.3 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Ohlolwayo angachaza uhlobo lomuntu amthola. Kungaba umuntu omuhle owaletsha usizo kanye nenguquko empilweni yakhe. Kungaba umuntu omubi owamdalela izinkinga/ wamholela ophathe, njl. [50]
- 1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko.
Ohlolwayo angathinta izinhlangothi zombili ngokulinganayo: (Ubuhle nobubi) bese kuthi ekugcineni abeke uvo lwakhe ngesihloko.
- Isibonelo:** ubuhle: Konga isikhathi, kutholakala kalula, kufukula umnotho wakuleli bese kwanda amathuba emisebenzi, njl.
- Isibonelo** ububi: Kuyakhuluphalisa emzimbeni okungaholela ezifeni ezinhlobonhlobo, kuchitha imali ngokungenasidindo kuphinde kudale ubuvila ikakhulukazi ezinganeni ezsakhula, njl. [50]
- 1.5 Ohlolwayo angakhetha uhlangothi olulodwa oluzofakazela ukuvumelana noma ukuphikisana nesihloko: Isb.
Ukuvumelana: Ohlolwayo angaveza izibonelo zezehlakalo lapho abelaphi bendabuko kuyibona abeza namakhambi okwelapha izifo ezahlukene ngemuva kokuhluleka kwamakhambi aseNtshonalanga, njl.
- Ukuphikisana: Ohlolwayo angaveza izibonelo zezehlakalo lapho abelaphi bendabuko behluleka ukwelapha izifo ezithile, njl. [50]
- 1.6 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda ingqikithi yesihloko. Angachaza/Angaxoxa ngephupho elagcina lifezekile/lingafezekanga. Makuvele inguquko empilweni yalowo akhulumu ngaye eyalethwa ukufezeka/ukungafezeki kwaleli phupho, njl. [50]
- 1.7.1 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese ebhala indaba ehambisana nesithombe. Makayinike isihloko indaba yakhe.
Makungachazwa isithombe. Isb. Sengikucathulise Ngokwanele Usungazimela/Ngiyabonga Ngokungikhulisa Kahle, njl. [50]
- 1.7.2 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese ebhala indaba ehambisana nesithombe. Makayinike isihloko indaba yakhe.
Makungachazwa isithombe. Isb. Kuyabanjiswana Empilweni, njl. [50]

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

INCWADI YOBUNGANI/IKHARIKHULAMU VITHAYE KANYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO/I-ATHIKILI YEPHEPHANDABA/ ISIBUYEKEZO/ INKULUMO-MPENDULWANO/INCWADI YOMSEBENZI

IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULI MI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO & NEFOMATHI Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo Inhoso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-15	13–15 -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi Iwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	10–12 -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi Iwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Kunamaphushana -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile enamaphushana	7–9 -Impendulo esedimenti ekhombisa ulwazi Iwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni – inamaphutha asendimeni -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	4–6 -Impendulo eseizingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi Iwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathele kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	0–3 -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi Iwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanlanhlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandeli sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhoso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi AMAMAKI AYI-10	9–10 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhoso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi Iwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo	7–8 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhoso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi Iwakheke kahle -Ulwazimagama oluhe -Kunamaphushana	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhoso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	3–4 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhoso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amanangi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo awusalandeiki kahle	0–2 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhoso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhoso -Umqondo uyanlanhlatha kakhulu

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2****Amamaki azocazwa ngale ndlela:****OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO NESAKHIWO (15)
ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)****OKULINDELEKILE****2.1 INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isb. (2 Nhlolanja 2019/ 2 Febhruwari 2019 / 02-02-2019 / 02/02/2019)
- Obhalelwayo makabingelelwwe sakukhulum. Baba, Mama
- Isigaba sokuqala angaqalisa kanje: Ngiyethemba ..., Ngiyaxolisa ..., Ngabonga ...
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi yencwadi (ukubonga umzali ngokuzinikela kwakhe ekumelekeleleni kade ezilungiselela ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka).
- Isigaba sesithathu ukuphetha incwadi.
- Ohlolwayo makasebenzise ulimi lokuhlonipha/irejista efanele.
- Makavalelise akhombise ukumazi lowo ambhalelayo.

Isb. Yimina indodana/indodakazi yakho
u-Aphelele

[25]**2.2 IKHARIKHULAMU VITHAYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

Nakhu okufanele kuvele kuKharikhulamu Vithaye:

- Imininingwane eqondene nalowo ofaka isicelo
- Amazinga emfundu.
- Ulwazi lomsebenzi. (ukukwazi ukukhuluma ngezandla noma ukusebenzisa izimpawu / ikhompyutha)
- Amagama abantu abangafakaza ngaye banike isiqiniseko kokubhaliwe.

Nakhu okufanele kuvele encwadini ehambisana nayo:

- Amakheli amabili. (Lobhalayo- libe nosuku, lobhalelwayo-liqale ngesikhundla)
- Isibingelelo. (Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazana)
- Isihloko. (Isicelo Somsebenzi)
- Makazethule kahle kucace.
- Makasho okuthile okuzokwenza afaneleke kulesi sikhungo sokuqequesha.
- Ukuphetha incwadi.
- Ukuvalelisa akhombise ukuhlonipha lowo ambhalelayo.
Yimina ozithobayo
uNtombifuthi Mhlanga

[25]

2.3 I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA

- Ohlolwayo kumele ashaye ngamafuphi angagudluki esihlokweni.
- Isihloko: Izakhiwo Ezingahlali Muntu Eseziphenduke Izidleke Zezinswelaboya.
- Igama lobhalile lingaba sekuqaleni noma ekugcineni kwe-athikhili.
- Isigaba ngasinye siba nengqikithi yaso ehambelana nesihloko.
- Isingeniso: Inhoso yokubhala le-athikhili.
- Umzimba: Umzimba ungaphendula le mibuzo elandelayo ukuthi kwenziwa obani, kanjani, kuyini, kuphi, ngani, kangakanani?
- Isiphetho: Imiphumela engemihle edalwa yilezi zakhiwo kanye nezisombululo.

[25]

2.4 ISIBUYEKEZO

Ohlolwayo makaveze la amaphuzu alandelayo, isb.

- Igama lephephabhuku lesikole kanye nomhleli.
- Imininingwane yabashicileli.
- Unyaka nenyanga elikhishwe ngayo.
- Izingosi ezahlukene ngamafuphi.
- Ukuphawula ngokuhle nokungekuhle okutholakala kuleli phephabhuku.
- Isiphetho sesibuyekezo masiveze izincomo mayelana nengqikithi yaleli phephabhuku.

[25]

2.5 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

Isibonelo sesihloko: Inkulumo-mpendulwano Phakathi Kukamkhulu uCindi no Khanyisani.

Isethulo: Isb. (Kusekuseni ngeSonto umkhulu uCindi, uxoxa noKhanyisani, umzukulu wakhe mayelana namasiko kanye nemikhuba yomndeni wakubo)

- Ohlolwayo makabhale isingeniso ngokuqamba abalingiswa, indawo kanye nesikhathi.
- Ohlolwayo makabhale amagama ezikhulumi ngasesandleni sokunxele.
- Ohlolwayo makabhale okushiwo isikhulumi njengoba kunjalo, aveze imibono yaso ngqo. Isb.

UCindi:

UKhanyisani:

- Ohlolwayo makasebenzise umugqa omusha ukukhombisa isikhulumi esisha.
- Ohlolwayo akangabasebenzisi abacaphuni enkulumeni yezikhulumi
- Ohlolwayo makangayisebenzisi inkulomo efakwa kubakaki echaza imizwa yezikhulumi.
- Ohlolwayo makakhumbule ukubaluleka kokusetshenziswa kwezimpawu zokuloba ngendlela efanele.
- Ohlolwayo makaqaphele ukusetshenziswa kwenkulomo-mpendulwano: maybe nesingeniso, umzimba kanye nesiphetho. Mayikhule, kusheshwe kungenwe engqikithini yayo.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi ingwevu iyona ekhuluma ngokugcwele mayelana namasiko kanye nemikhuba yomndeni wakubo bese kuthi uKhanyisani abuze imibuzo emifushane lapho edinga ukucaciselwa khona, akhombise ukuqonda lokho okukhulunya ngakho nokuzibophezela.

[25]

2.6 INCWADI YAKOMKHULU

- Ikheli lobhalayo elinosuku.
- Ikheli lenkampani alinikeziwe: Khansela, UMshwathi Municipality, Private Bag X76, Wartburg, 3233.
- Ukubingelela ikhansela, Isb. Mnumzane / .
- Isihloko sengqikithi obhala ngayo Incwadi Yokukhalaza Ngenkinga Ephazamisa Ukufunda Nokufundisa Esikoleni.
- Isingeniso: ukuzethula (makuvele ukuthi ungubani nokwethula ingqikithi yodaba.)
- Umzimba wencwadi: ukuhlala odabeni nesizathu esenza ukhalaze mayelana nenkinga ephazamisa ukufunda nokufundisa esikoleni sakho.
- Isiphetho: ukuphetha akhombise inhlonipho. Isb. Ngiyethemba isikhala zo sami sizokwamukeleka.
- Ukuvalelisa. Isb. Yimina ozithobayo
uNozipho Bhengu

[25]

AMAMAKI ESIQEPU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100